AP1975_1_10_1

ILANGA 1 OCT 1975

# EZEKHETHELO . . .

MHLELI, — Ngithanda ukusekela amazwi omNtwana uChief G. M. Buthelezi awakhulume emhlanganweni wokumiswa kwegatsha leNkatha kwaHlabisa exwayisa amaZulu ngesenzo sawo sokuthanda ukuba bathi uma kukhona abakwenzayo okuphikisana noHulumeni waKwaZulu onguHulumeni wenkosi yamaZulu bese befaka phakathi inkosi. Uma uHulumeni ophetheyo ekuzwa lokho bacabange ukuthi abaholi benzela ukuthola ithuba lokudla kahle. Kanti akunjalo basuke belondela uZulu wonkana ubukhosi bakhe ngoba phela iNgonyama ingubaba wethu sonke.

Kungenzeka kanjani ukuba inkosi ibeneqembu elisekelayo ngoba thina sonke singabantu bayo Mina angihambisani kakhulu namazwi omNtwana. Abayeke phansi ukwenza izinto bafake inkosi phakathi. Ngithanda ngikhumbuze labo abacabanga ukuthi inkosi yithuluzi noma umgxala wokugwandlula izindawo ezilukhuni.

Ngithanda labo bazi ukuthi iNgonyama lena ayinalo ilungelo lokujoyina noma yiliphi iqembu lapha KwaZulu ngoba noma yiliphi iqembu eliqaliweyo liqalwe abantu bayo ebabusayo.

Isizathu sokuba ngikhulume kanjena sisobala, yingane kuphela engeze yabona. Ubani ongahlukanisa isisu sakhe Uma iNgonyama isekela abathi laba ethi yona abalungile abakabani uma inkosi yohlanga inelayo iqembu Uma lehlulwa kungena elinye bese ima kanjani yona? Inalo yini ilungelo lobukhulu kuleli ngoba phela elayo iqembu liwile

Inkosi akufanele nakanye ukuba uma iqale iqembu elizophikisana nelibusayo. Ungafaki inkosi phakathi. Ingubani kanti inkosi ukuba ilengiswe yonke indawo lena? Uma ufisa ukuqala iqembu lakho liqale beseke wena nesigungu sakho niyokotha inkosi ngezethulo hhayi ngeqembu lakho yiya kokwethula njengesiko ungakhulumi lutho oluphathelene nalo.

Ngicela uZulu wonkana ayeke ukuthanda ukuba alulaze inkosi yethu ngokuloku beyifaka ezintweni zabo zokuphikisana. Uma wena ulwa noHulumeni wayo musa ukulwa ngayo, yilwa ngamandla akho nangomqondo wakho.

Ngicela wonke uwonke awele ngengqondo aye emaNgisini lapho inkosi iyisibukeli kwezombangazwe ihlezi idla izinyoni zabantabayo njengoba enza njena uHulumeni waKwaZulu owakhela iNgonyama kaZulu umuzi omusha.

Kuyadumaza ukuthi abanye bamaZulu bathatheka umoya wabezizwe bebalutha ngezimali. UMnuz. Nene ngimethulela isigqoko ngesenzo sakhe esitusekayo. Kuhle kanjani ukulamba nabantu oba holayo kunoma usuthe wena umphakathi ube ulambile.

Njengoba umholi kaHulumeni wethu engazikhathaleli yena nabantwana bakhe, ekhathalela wonke uwonke noma engesiye umZulu kuyena kuyefana. Ngiyaye ngithi uma ngifunda amazwi akhe ephepheni noma ngilalele inkulumo yakhe emsakazweni ngikhumbule izwi lenkosi ngomlomo wenceku yakhe uPaul umpostoli kwabase 1 Korinte 12:12-17.

Elokugcina ngithi kuhle inkosi siyihloniphe ukuze nabezizwe bayihloniphe bebona kithi kungabi ukuthanda noma yini usuphatha igama elikhulu uthi nayo inkosi ingivumele.

Ngiyaye ngibone emizini lapho kuthengisa khona uphuzo. abantu ubathola bemi amahlongololo endlini ungakwazi nokukhetha ongubaba wekhaya. Zulu inkosi inkulu, ingubaba wekhaya. Ayibizwa nangegama. Asiyihloniphe ngamandla onke ethu Zulu.

S. H. P. Ngubane
GLENCOE

★ ★ ★

MHLELI,— Ngithanda ukukhombisa ukubonga kakhulu kubantu baseMandawe eduze naseScottburgh ngoba kunomthetho okhipha abantu edolobheni eScottburgh kanti naloPort Natal usikhiphanje akanalokishi asakhele lona.

Awu, baze basisiza abantu baseMandawe ngokusakhela amakotishi esiwaqashayo ukuze sithole ukufihla imizimba yethu. Awu, ningali bantu bakithi ngokusakhela ngoba thina esiphuma kude nje asinayo indawo.

Phela sebathatha nezindlu ezingafanele ukuqashisa kodwa ngenxa yokusiza thina baqashisa ngenxa yokusiza abantu abaphuma emakudeni kulelidolobha lase-Scottburgh.

Phambili bantu baseMandawe, ningasilahli ekuhluphekeni kwethu, uNkulunkulu uyonikhumbula ngesenzo senu.

P. V. M. Shozi,
SCOTTBURGH.

ILANGA
- 1 OCT 1975

# U-H. P. UYIBUYELE IPOLITIKI

GOLDEN GCABASHE

ETHEKWINI. — Emuva kweminyaka ebalelwa ku 25 agcina ukuba ilungu lezinhlangano zomphakathi, uMnuz. H. P. Ngwenya owayengusaziwayo kwezepolitiki nebhola kanye nemiKhandlu yokwaluleka (Advisory Board), kulelisonto uzingenele kalula eMkhandlwini weNingizimu Urban Bantu Council ngesikhathi kungaveli muntu ombangisayo okhethweni.

Kulengwiji-khwebu uMnuz. Ngwenya nguyena osezomela iChesterville Location kanye noMnuz. A. W. Geo. Champion, okunjengamanje enguSihlalo woMkhandlu.

UMnuz. Ngwenya ungene esikhundleni sikaMnuz. W. Mwelase ongazange yena alungenele ukhetho, kanti kwaMnuz. Champion yena ubuyiselwe eMkhandlwini ngaphandle kokubangiswa.

UMnuz. Ngwenya oseke waphatha izikhundla eziphezulu ebholeni, ngisho nesokuba uMongameli kaSouth African African Football Association (Saafa) asibamba iminyaka eyishumi kusukela ngo 1952, akaqali neze ukusebenzelana noMnuz. Champion.

Ngokusho kwakhe, babenaye emaBhodini aseThekwini lapho uMnuz. Ngwenya ayenguNobhala khona, nasenhlanganweni yamaBhodi ahlangene eNatal kanye nawaseSouth Africa, kanti nakwezepolitiki babenaye enhlanganweni i-African National Congress (Anc) eseyavalwa.

UMnuz. Champion wayenguMongameli we-Anc uMnuz. Ngwenya eyilungu lesiGungu esikhulu iNational Executive Committee, babuye babambisana futhi lapho uMnuz. Champion eseyongena ePhalamende laboMdabu iNative Representative Council (Nrc) uMnuz. Ngwenya yena angazange abe ilungu layo.

UMnuz. Ngwenya okuzothi nonyaka agubhe ukuphela kwemniyaka engu 77 azalwa, uthe, "Mina ngikholelwa ekubeni umuntu azimisele angakhonjelwa ngabanye indlela. Ngibona kukhona okuningi engingalekelela ngakho eMkhandlwini nokungaba usizo enhlalakahleni yabantu baseChesterville."

Ubeke nokuthi yena unesiqiniseko asithola kwaboMnyango wokuPhathwa nokuThuthukiswa kwaBantu eminyakeni emine edlule, esithi iChesterville ingaze ithuthe eminyakeni eyi 15, ezayo, uma kwenzeka.



UMNUZ. H. P. NGWENYA

ILANGA
- 1 OCT 1975

# Injengentwala lenkululeko yezabelo

MHLELI. — Ngicela isikhala kwelakho lodumo kengibeke owami umbono maqondana nomthetho kaHulumeni waseSouth Africa wokuthuthuka ngokwahlukene nenkululeko ehamba nawo.

Ngithanda ukwaluleka oHulumeni bezabelo ngokuthi lomthetho ayikho inkululeko kuwo. Injengenkululeko yentwala ekhanda lomuntu.

Ngalokho ngiqonde ukuthi intwala yazi ukuthi ikhululekile kodwa ayazi ukuthi isekhanda lomuntu nokuthi kufanele idle ngesu angezwa umnikazi khanda.

Uma kungenjalo kufanele uHulumeni waseSouth Africa anikeze isabelo nesabelo izibuko lokuthi uma lesosabelo kukhona esizifunela khona kwamanye amazwe kukwazi ukufinyelela kuleso sabelo ngaphandle kokudlula ezandleni zikaHulumeni waseSouth Africa.

Indaba esematheni kulezinsuku eyokuthi iTranskei ithola inkululeko ngonyaka ozayo. Lenkululeko ezotholwa uHulumeni kaMatanzima iyiyona efana neyentwala ekhanda lomuntu, noma ngiyifanise nenkululeko yempethu uma idla ibusa kodwa ibe isenxebeni lesilwane esihambayo.

Izibuko iPort St. Johns aliyicacele iTranskei nezibuko iRichards Bay alikacaceli ekutheni libengaphansi kwaKwaZulu. Ngakho lokhu kufanele kubhekisiswe noma yisiphi isivumelwano.

Ngigcine ngokubonga uHulumeni waKwaZulu ngokungemukeli ibalazwe elinganelisi elingeze laphilisa muntu futhi lingeze laphilisa ngisho isilwane imbala, ngakho ngithi uMvelingqangi nezinyanga makaphakamise izwi laloHulumeni liye lizwakale kubobonke ngisho izitha zithobe, ngisho abanomona baphenduke bezwe.

**MNtwana waDukwemi**
**Simon M. Zulu.**
**MAHLABATHINI.**

ILANGA

# PHAMBILI SHENGE!

MHLELI. — Ngicela isikhala kengikhulume ngoMnuz. Lloyd Ndaba esaqala ukumazi esahola iqembu lakhe iZulu National Party.

Zulu kaMalandela odlela zimhlophe, ngithanda ukunixwayisa ngomuntu ofana noMnuz. Lloyd Ndaba. Umuntu ongase alandele uNdaba kusho ukuthi akayazi into ayifunayo nayidingayo.

Ngineqiniso ukuthi umuntu oyaziyo into ayifunayo nayidnigayo ngeke angalandeli umNtwana uChief Buthelezi osekhombise izikhathi eziningi ukuthi usebenzela abansundu.

- 1 OCT 1975

Phambili Shenge nomsebenzi wakho, uNkulunkulu abenawe.

Amos Manqele.
DURBAN.

ILANGA

18 DEC 1975



Lesisithombe sithwetshulwe yiLANGA emzini kaNdunankulu waseLesotho mhla kubungazwa izivakashi ebezihambele kwelaseLesotho emkhosini wokunikezwa komklomelo kaChief Albert Luthuli kumfelokazi wakhe. Kwesobunxele nguMnuz. H.S. Msimang wase-Edendale ongomunye wabasunguli benhlangano kaKhongolose (African National Congress) eseyavalwa, uProf. C. L. S. Nyembezi (Edendale) onguSihlalo wesikhwama somfundaze esaqanjwa ngomufi (Luthuli Memorial Scholarship Fund) kanye noChief Leabua Jonathan uNdunankulu waseLesotho.

# Unenkani efana neyesele uNdaba

ILANGA

- 1 OCT 1975

**MHLELI,—** Ngimangaliswa uMnuz. Ndaba waseGoli eSoweto. Ngingathanda lomuntu ukuba avule amehlo akhe nomqondo wakhe, asiqonde kahle isizwe samaZulu ukuthi asizona izilima njengaye neqembu lakhe lelo elimethembise ubundunankulu.

Namanje unguyena undunankulu walo, hhayi lapha eNatali. Akasoze nje nangephutha afinyelela kulesisikhundla esiphethwe uShenge.

Noma angakhuluma kangakanani alingise iselesele njengoba nenkani yakhe ifuze lona, okuyoze kumfikise kulesisikhundla kunye zwi.

Sekusilele akhukhumale kancane nje kuloku aseyiko bese eseqhuma. Ngaleyondlela-ke uyobe usezifezile izindlela zakhe zokuzilinganisa nokaShenge umNtwana.

Kusukela manje sekuzokhanya kubantu ukuthi imfundo yesikole lena akusiyona ehlakaniphisa umuntu, kodwa umuntu wonke uNkulunkulu umdala nako ukuhlakanipha. Efundile engafundile, uyena ozithabathela ubuwula.

UShenge uyisikhonzi sikaNkulunkulu, kanjalo uhlakaniphile.

**Thulasizwe Ndlazi.**
KWAMASHU.

ILANGA
1 October 1975

# IMISEBENZI KAMAFUKUZELA

SEKUPHINDILE futhi nakulonyaka( ka 1975) kwafika isikhathi somhlaka October 4,1975 okuwusuku olubalulekile esikoleni sasOhlange lapho kukhunjulwa khona imisebenzi kamufi uDr J.L. Dube (uMafukuzela.)

Ngiyazi baningi abafundi bakulesikole sasOhlange ngibahlanganisa nabo bonke abafundi bezinye izikole zakulelizwe kanye nabafundi bonke baleliphephandaba lodumo ILANGA.

Okungase kwenzeke ukuthi banombuzo emiqondweni yabo ukuthi ungubani yena uMafukuzela, wenzani futhi okungase kuchitheke isikhathi esingaka nezimali ezingaka kulungiselelwa usuku lokumkhumbula?

Phela uMufi uDr. John Langalibalele Dube uyena owakha lesisikole sasOhlange ngonyaka ka 1900 kwathi ngonyaka ka 1903 wasungula leliphephandaba ILANGA LASE NATAL. Ngesikhathi enza zonke lezizinto wayaziwa kakhulu ngegama lokuthi uMafukuzela.

Umufi uMafukuzela wazalwa ngonyaka ka 1870 washona ngomhlaka February 11, 1946 eseneminyaka engama 75. Esakhula waqala ukufunda esikoleni esincane iNanda Mission okwathi angaqeda wayeseyofunda e-Amanzimtoti Institute wabuye wathola nemfundo yamaqhuzu esikoleni sase-Oberline Theological Seminary Ohio e-United States of America.

Kusukela eminyakeni uMafukuzela esaphila kuze kube namhlanje kukhona amaqhawe angenakukhohlakala ngoba angabanye babantu abakusekela lokukwakhiwa kwesikole

Ngo 1907 wathola isipho sesakhiwo esiyisitezi esaqhamuka kuNksz. June waseMelika esaze saqanjwa igama lokuthi June Building. Namhlanje lendlu sekuyindawo yokuhlala abafundi babafana balesisikole. Ngesikhathi esahambile eye phesheya kwezilwandle washiya lomshikashika wesikole kumnewabo uCharles Dube okwathi ngesikhathi esebuya wafica umfowabo esakhe enye indlu futhi okunamhlanjenje lendlu ibizwa ngokuthi Charles Dube Block.

Kulezonsuku lesikole sasaziwa njengesikole esifundisa imisebenzi yezandla njengokubaza ngokhuni, ukuthunga kanye nomsebenzi wezikhumba okwathi ngokuhamba kweminyaka sathathwa nguHulumeni wasetha igama kabusha ngelithi Ohlange Government Bantu High School kwathi ngo 1960 lemisebenzi yathathwa isikole sokufundela imisebenzi esaziwa ngokuthi Edendale Vocational and Technical School.

Namhlanje lesisikole sasOhlange sinezifundo eziphakeme kakhulu njengezifundo zikaMatric, Senior Certificate in Commerce, Book-keeping neTyping.

Umufi uMafukuzela enye yezimali zokwakha lesisikole wayeyiqoqelwa ngokucula eyikwaya eyaziwa ngokuthi Ohlange Touring Choir eyayiholwa uMnuz. R.T. Caluza. Ngesinye isikhathi lekwaya yake yayocula eNgilandi.

Njengoba ngiloba nje kunesiqumama saseMlazi uMnuz. Scott Funeka owanikela ngo R1 000 wokwakha iLaboratory, R1 000 womfundaze, R1 000 wezinsimbi zokudlalisa ibhendi yokuqoqa imali yokwakha lesikole kanye noR500 wophiyano.

Kwabake bafunda Ohlange ababalulekile nguMnuz. King Edward Masinga odume ngelika K.E. nowodumo luka Radio Bantu nabaningi abanye abagabaholi koHulumeni bamazwe akubo asezibusa engxenye ye-Afrika.

Kwezempilo nango u-Ivy Zwane osebenza njengeRadiographer e-Edendale Hospital eMgungundlovu, nango u-Ethel Ngema osebenza kuPhysiotherapy Department eKing Edward VIII Hospital, nango uMnuz. E. Mbele noMnuz. L. Khuzwayo benza iMedical Technology eKing Edward VIII Hospital.

Kwezemfundo kuHulumeni waKwaZulu nango uLorna Ngidi ongumabhalane kuDepartment of Education and Culture, nango uMnuz. Mark Zondo kuMathematics and Chemistry. Bonke laba bawumsebenzi kaMafukuzela awenza nge-Ohlange.

Ilezo izinto ezidinga zibongwe ngemisebenzi yomuntu ayenza esaphila. Akekho namhlanje ongamangala ngalemisebenzi nokuhlabana kukaMafukuzela kwezemfundo.

Angithi abazi imilando yaKwaZulu bazokhumbula ukuthi isizwe samaQadi lesi ngesokudabuka KwaZulu ngegama likaDube oweyeyiqhawe nesihlabani seNkosi uShaka. Kwathi noma esefa wafela ezandleni zenkosi uDingane sasala isizwe samaQadi sasala njengoHlange lukaMafukuzela.

Nanso inhlangano enkulu yawothisha eyaziwa namhlanje ngokuthi iNatal African Teachers Union. Yasungulwa ngesikhathi sikaMafukuzela. Nanso inhlangano yezombangazwe i-African National Congress. Yasungulwa uyena uMafukuzela eyibambe noDr. P. kaI. Seme.



UHamilton Khwela umlobi walendaba

Kulonyakake ka 1975 sekuyisikhathi sokutusa futhi kubongwe imisebenzi kaMafukuzela.

Uma ngibonga ngemisebenzi kaMafukuzela akungoba kuwukuthanda nje ukuloba kepha lokho kufakazelwa uthisha omkhulu walesikole ongasoze akhohlakala uMnuz. S. D. Ngcobo ngokuba akanyathelise emabaleni asOhlange inkosi yamaShenge uChief Gatsha Mangosuthu Buthelezi, emnyathelisa ngobukhosi bakhe bakwaButhelezi nangesikhundla sakhe sobuNdunankulu kaHulumeni waKwaZulu njengoba phela naye uDube owaziwa ngelika "Jan Dube" wayengapheli emahhashini lapho kwakuhlanganela khona imihlangano yesizwe eyayihlanganiswa abaholi besizwe asebashona abanjengo Chief Mathole Buthelezi, kanye nabanye namakhosi amaningi.

Unyaka odlule ka 1974 ube unyaka womlando omkhulu kulesikole sasOhlange kanye nasendaweni yaseNanda jikelele. Nakho-ke futhi nakulonyaka ka 1975 esephinda futhi uMdali eletha isibusiso sakhe ngokuba kuhambele iNgonyama yamaZulu uGoodwill Zwelithini kaBhekuzulu kaSolomon.

Eminyakeni eminingi ebalulekile eseyadlula kwenziwa lesisikhumbuzo. Leminyaka emibili idinga ukukhumbuleka kulesikole sasOhlange kanye nakuyoyonke indawo yaseNanda.

Sengathi umVelingqangi wawokhokho bethu angathi ngenxa yemisebenzi kaMafukuzela uDr. John Dube Langalibalele Dube asibusise asiphe amandla okulwa nalempi yanamhlanje lapho thina sizwe samaZulu siguduza emafini obumnyama ukukhanya sikubona njengentuba yenalithi. Lala ngokuthula endaweni yakho yokuphumula kwaphakade.

1 OCT 1975

P.T.O.



**UDr. John Langalibalele Dube (uMafukuzela)**

ILANGA

# Hamba kahle Mahlathi

ILANGA — 1 OCT 1975

U-ALLISON WESSELS GEORGE CHAMPION akasekho emhlabeni. Onyakeni wokukhula kwakhe wama-82, uyithobele intando yoMdali wakhe, waphuma umphefumulo ekuseni ngeSonto ngezikhathi lapho abantu abaningi bebelungisela ukuya ukokhonza uMdali ezindlini akhonzwa kuzo.

Mhlawumbe kwakhona lokho ukucimeza kwakhe kokugcina ngosuku olunjengalolu kusho utho. UMnuz. Champion ubengesiyena umuntukazana. Kodwa futhi ubengesiyena owasebukhosini. Ubengomunye walabobantu abalethwa emhlabeni ukuze benze imisebenzi ebonakalayo nesala ibalandela, ngokutuswa kwayo, noma sebephumule.

Ubengumholi ebaholini, Ubeyindoda emadodeni. Kukhona abangathanda ukukuphika lokho ngoba bona bembuka ngamanye amehlo. Kodwa kasiqondile lapha ukukhuluma ngempikiswano yokuthi ubengubani uChampion. Umuntu angaba nazo zonke izici ezimbi emhlabeni, kodwa uma kukhona ezinhle izici eceleni kwezimbi, bakhona abaziphakamisayo lezozici ezinhle. Thina lapha kuleliphepha sisho singenqeni ukuthi kasizazi izici ezimbi empilweni kaMnuz. Champion. Kasisho ukuthi ubengenazo.

Abaningi bazoyikhumbula ingosi ebiphuma ezinhleni zaleliphepha ngesihloko esithi "Okubonwa nguMahlathi". Kuningi okubonwe uMahlath'amnyama empilweni yakhe. Isithombe sobuso sakhe esasiphuma kulengosi wayevamise ukuphawula ukuthi simenza abukeke ekhala.

## EBUGQILINI BASEGIBHITHE

"Impilo yami yonke ibinokukhala, ngikhalela isizwe sami esimnyama. Isililo sami sithi, badedele Nkosi abantu bakho, baphume ebugqilini baseGibhithe, ubase ezweni laseKhanana lapho kugobhoza khona uju

Ukuzinweba? Noma amazwi omuntu obethanda ukuzisikela kwelinonile? Iqiniso lithi uMnuz. A. W. G. Champion uyisebenzise cishe yonke imhla yokuphila kwakhe exhumene nosizi lwabantu abamnyama.

KuKhongolose wesizwe owaqalwa oMahabane, noMafukuzela Dube noDr. Pixley ka-I. Seme noR. V. Selope-Tema noSol Plaatjie noSelby Msimang (uNkonkana wefusi) nabanye abaningi, wayekhona uMahlath'amnyama neziqu zawo.

I-ICU yodumo kuDashini eThekwini yayingeka-Champion. Ukuqedwa komthetho owawuthi abantu abadishwe okwezinkomo eThekwini ngoba kuthiwa bakhishwa izintwala kwakuwumsebenzi kaChampion.

Ukuqedwa komthetho kanayini wayengubhongoza kukho. Wayekhona wakhethelwa ukumela iNatal mhla kumiswa iBandla labakhulumela abantu emva kokubhuntsha komthetho weNative Representative Council. Singabala sithini? Singakuqeda nini konke okwakunesigxivizo esithi A. W. G. Champion?

Kudala ingakaphushwa nakuphushwa imithetho ekhona namuhla esiyaphendula abaholi bethu yabenza ukudla kwamajele nemihambima emazweni akude, uMahlathi wayeselwazi usizi lokudingiswa ngenxa yomlomo wakhe obanzi nangenxa yezenzo zakhe — elwela abantu abamnyama.

## BAGCWELE IZWE

Baningi bagcwele izwe lonke, abesilisa nabesifazane, abancane nabadala, abalungelwa yizinto eziningi ezazibakhathaza. Bakulungiselwa uMahlathi konke lokho. Awukho umnyango kaHulumeni, awukho umnyango kamasipalati, awukho umnyango wanoma yiluphi uhlobo lwehhovsi elisebenza ukwalusa impilo yomuntu omnyama kulelizwe okungathiwa wayewesaba uChampion. Ukwesaba yinto eyayingamfikeli nakancane empilweni yakhe. Umlungu kuye wyengasho noluncu. Ubani osekhohliwe yindabakazi eyabheduka uthuli mhla uMahlathi ehayiza, evuka inja ebomvu ngoba ebizwe umlungu eThekwini ngokuthi "My boy, Champion"?

Kukhona abebefafaza umoya wokuthi ungumholi onjani lona okuthi bonke abanye befa bephila emajele, abanye beyimizulane begcwele izinkalo ezingaziwa yena abelokhu ehlezi emphakathini, engathathelwa nyawo yilabo abangomakhulu-basi?

Labo abacabanga kanjalo sikholwa wukuthi bebemhlulela ngesigwebo esinzima uMnuz. Champion. Sikholwa wukuthi bebengafuni ukumchoma ngezimendlela zokuhlabana kwakhe kweminyaka eyadlula, kodwa

‡ Phenya ekhasini 2 ‡

## Hamba kahle Mahlathi

‡ Isuka ekhasini 1 ‡

befuna kuphela imisebenzi yakhe yezinsuku zanamuhla. Ibanga lokukhula kwakhe nebanga alihambile emsebenzini wakhe, bengasekho abaningi ontanga yakhe ayeqale nabo, segathi bebekuziba ngamabomu labo abebemcabangela kanje uMahlathi.

Ezinsukwini zakhe zokugcina uMahlathi ubekhuluma kugcwale izinyembezi emehlweni lapho thi: "Mbonge uJehova mphefumulo wami, mbonge ngakho konke onakho..." Abesechaza ukuthi ukusho ngani lokho. Ubethi wayengacabangi ukuthi uyophila kuze kufike isikhathi lapho inkululeko yomuntu oMnyama eyoyibona isondele.

UMahlathi usabele kuMdali wakhe ingakafiki leyonkululeko ezandleni zethu. Kodwa ukuthi isendleleni lokho ubekwazi kahle.

Thina esisele negama lakhe elingeyukulibaleka simkhulekela kuMenzi wethu sonke ukuba awemukele umphefumulo wakhe, amuphe ukuphumula okumnandi. Inkululeko angazange ayizwe, futhi angazange ayidle lapha, emhlabeni, kwanga angayidla kulelozwe esingalaziyo esilizwa ngendaba.

Kwanga futhi nesililo sakhe abesikhala lapha emhlabeni angesiyeke nalapho eya khona. Kwanga angasiqhuba njalo, esehlangene nabo bonke abaholi besizwe asebathula umthula wafuthi, ize izwakale imikhululeko yohlanga olumnyama.

Hamba kahle nsizw'endala.

# USHENGE NOVORSTER BANIKANA AMAZWI ASHISAYO

ILANGA

- 1 OCT 1975

E-AMARSFOORT eHolland). — UChief Gatsha Buthelezi, uNdunankulu waKwaZulu, ngomGqibelo ephesheya ukhiphe inselelo wayibhekisa kuNdunankulu uMnuz. Vorster, emtshela ukuthi kuhle adedele bonke abaholi be-ANC ababoshiwe ukuze abone ukuthi ngempela ngabe banokuthula noma banothuthuva.

UChief Buthelezi ubekhuluma ese-Amarsfoort, eHolland, ekugcineni kohambo lwakhe lwezinsuku ezintathu, lapho ephikise khona uMnuz. Vorster obegxeke inkulumo yakhe ayenze ngesikhathi esingaphambili e kela i Anc nePan — African Congress.

"Esikhundleni sokuba agxeke engakusho, uNdunankulu kufanele abone isimo saseSouth Africa njengoba enza emizameni yakhe yokubhuntshisa ubudloba eRhodesia," kusho uChief Buthelezi ngaphambi kokuba asuke eHolland esebuyela eSouth Africa.

"Laphaya kwelaseRhodesia uNdunankulu wahlela ukukhululwa kukaMfu. Sithole noMnuz. Nkomo ukuze bakwazi ukuba semhlanganweni wamaxoxo noHulumeni waseRhodesia.

"Kungumcabango oqondile nje ukuba uMnuz. Vorster enze into efanayo ezweni lakhe, akhulule abaholi boMdabu abameme bayoba namaxoxo naye. Lokhu kungaba yisinyathelo esisemqoka sokubhuntshisa ubudlova," kusho uChief Buthelezi.

UShenge uqhubeke wathi yena akazukwenza mpikiswano noMnuz. Vorster ngokuthi yini eyenzeka ebhulohweni laseMbhashe nokuthi yini eyenzeka ngezibhelu zasePaarl.

"Okwaziwa nguMnuz. Vorster kanye nanoma ngubani ngukuthi kwathi kukhona ukukhononda ngokuthula eSharpeville, kwadutshulwa abantu, abaholi kabazange banikwe ithuba lokuba balalelwe abakushoyo.

"Umbuzo uthi ngubani owaqala ubudlova?"

UChief Buthelezi uthe uMnuz. Vorster umazi kahle kamhlophe yena uChief Buthelezi ukuthi akakholelwa ebudloveni. Ubebugxeke kakhulu ubudlova ngesikhathi enza inkulumo yakhe eFree University yase-Amsterdam.

Uthe kaboni ukuthi bekudingeke ngani ukuba uNdunankulu ahlabe into abeyishilo.

"Ngiyavumelana noMnuz. Vorster ukuthi kufanele buvinjwe ubudlova eMzansi Afrika, kodwa kungukungacabangi kahle, njengoba sengake ngamtshela ngaphambili, ukuthi abaholi boMdabu baseSouth Africa akababuki

EHolland uChief Buthelezi uthe ukhulume nabaningi abaMnyama asebaphuma kulelizwe bayobhaca khona, uthe umangale kakhulu ukubona ukuthi bakhombisa uzwelo ngemibono yakhe ayibekile ngokuba kuyekwe ubudlova.

● Ngeledlule uMnuz. Vorster ngenkathi ekhuluma eThekwini, eqenjini lakhe lamaNeshinale eNatal, ugxeke izinkulumo zikaChief Buthelezi azenze phesheya emzabalazweni wakhe wokulwela inkululeko ngokuthula noxolo.

UMnuz. Vorster ukhumbuze uChief Buthelezi ngezigameko zika"Poqo" lapho kwabulawa khona abeLungu ebhulohweni lanezibhelu zasePaarl kanye seMbhashe (eTranskei) nezaseSharpeville.

ILANGA

# Izoxolisa kuShenge iNyanda

- 1 OCT 1975

UMONGAMELI [illegible] eNyanda, uMnuz. P.G. Gumede, [illegible]uzoxolisela [illegible] eNyanda kuNdunankulu waKwaZ[illegible] [illegible]Ch[illegible] Gatsha Buthelezi, uma uNdunankulu es[illegible]buye ohambweni lwakhe lwaphesheya [illegible] Holland.

Ubek[illegible]a [illegible]ingo [illegible] [illegible]ethi [illegible] lisa kw[illegible] Nyanda kumayelana nendlela eyasuke ya[illegible] ngalo [illegible] lwan[illegible]ket. Kodwa uthe [illegible] ak[illegible] ukuthi kuzoxoliswa ngesinqumo seNyanda sokuthi ayivumelani [illegible] kuba kuhlanganwe nabeLungu kulam[illegible]ermarket.

UMnuz. Gumede [illegible] usuku lokuzoxolisa uzoli[illegible]gisa uma uChief [illegible]thelezi [illegible]le ph[illegible]heya. [illegible]m[illegible]lunga e[illegible]yanda [illegible] ukuthi kukh[illegible] izi[illegible] an[illegible]ba-nga ngazo kahle [illegible] th[illegible] ecu[illegible]ula lol[illegible]

UMnuz. Gumede uthe luyisifiso seNyanda [illegible]ba ku[illegible]ye kubonanwe no[illegible]ulumeni waKwaZulu [illegible]bo[illegible]na kab[illegible] ngalendabakazi [illegible] supermarket.

UMnuz. Gumede ukhuluma [illegible]lamazwi-nje uChief Buthelezi, ubesethe uMnuz. Gumede kudinga axolise kuyena ngoba kuthiwa wathi unezimpimpi ezimthuthel[illegible] izindaba ezisuke zi[illegible]hulunywa emihlangan[illegible]nweni y[illegible]Nyanda.

Ubekhuluma neLANGA esesikhumulweni sezindiza eThekwini ngaphambi kokuba alibangise e H o l-land lapho eyokhuluma khona.

"Njengesisebenzi samaZulu nginelungelo futhi ngifanele ukuba ngikhulume nanoma ngubani ofika ehhovisi lami. Akulona iqiniso ukuthi nginabantu abangihlebela izindaba. Ngalesisizathu ngidinga ukuba uMnuz. Gumede axolise ngalenkulumo yakhe ekhishwe eLANGENI langomhlaka September 24."

"Kufanele bakhumbule ukuthi imihlangano yabo ivamise ukuba evulelwe nanoma n g u b a n i ngisho nabamaphephandaba imbala;" kusho uChief B u t h e l e z i.

Mayelana nesinqumo sabahwebi sokuxolisa kuHulumeni waKwaZulu ngendlela abaluthatha ngayo udaba lwamaSupermarkets ahlongozwayo KwaZulu uChief Buthelezi uthe uzimisele ukubalalela abahwebi uma kukhona abafisa ukukuveza ngaloludaba, kodwa kufanele baqonde kahle ukuthi sekwanqunywa kwaphela ukuthi zizokwakhiwa KwaZulu lezizitolo. "Ngizimisele ukuhlala phansi nabo sixoxe ngemibono yabo (suggestion) ngokuthi zingase ziqhutshwe kanjani lezizitolo KwaZulu."

ILANGA 1 OCTOBER 1975

# NDIZA NATHI UYE EJOZI KWILIFE CUP FINAL

NAZI izithombe ezintathu zokugcina zomncintiswano wethu onamathikithi ayibhamama aya kuLife Cup Final eGoli mhlaka October 18. Lezithombe zidatshulwe phakathi zaba yizingcezu eziyisithupha ezahlukene. Umfundi udinga ukubukisisa kahle lolo nalolo lucezu lobuso bomdlali, abeseqhathanisa izinhlangothi zangandawonye zakhe ubuso obuyibo bomdlali.

Emaphepheni amabili eLANGA edlule sikhiphe izithombe ezifana nalezi, seluleka abafundi abafisa ukungenela umncintiswano ukuba bazikupulute izithombe bazibeke eceleni size sikhiphe lezi zokugcina esizikhipha namuhla. Sathi-ke uma sebekwenzile lokho, bayobe sebeqhathanisa ubuso bebumatanisa njengoba bunjalo, ngokwazi kwabo ukuthi umdlali osesithombeni ungumuntu onjani ebusweni.

Izingcezu ezimatanisiwe ziyobe sezinanyekwa efomini etholakala ekhasini 3 kwelanamuhla, bese lamafomu ethunyelwa eLANGENI masinyane. Usuku lokugcina lokwamukela amafomu angenela umncintiswano ngu-October 10. Amafomu ayofika emva kwalolusuku ayobe esephelelwe yisikhathi, ngeke avulwe nakancane.

Ekhasini lesithathu kukhona lefomu enemithetho neminye imicikilisho ehambelana nomncintiswano. Kufundisise kahle konke okulotshwe kulefomu, bese ungenela umncintiswano wamahhala.

Ungeke uyazi inhlanhla yakho mhla izokwehlela. Imiklomelo yalomncintiswano ingamathikithi amabili amahhala okuyothi abawinile bandize ngawo ngebhanoyi baye eGoli ukuyobukela ifayineli yeLife Cup e-Orlando Stadium. Naphambili bayophathiswa okwamaqanda. Bolandwa ngezimoto emabhanoyini eJan Smuts, banikwe izihlalo eziphambili eStadium, babuyiswe futhi ngendlela efanayo.

Umncintiswano uhlelwe yiLANGA libambisene nabakwa-UTC abenza usikilidi.



# UChief Buthelezi ukhulume ashubile ngomzabalazo wokuthula

ILANGA -1 OCT 1975

ILANGA -1 OCT 1975

**E-AMSTERDAM.** — UChief Gatsha Buthelezi, uNdunankulu waKwaZulu, ukhwele wazehlela enqubeni yobandlululo kaHulumeni waseSouth Africa ngesikhathi ekhuluma emkhosini obizwa ngokuthi yi"Peace Week" (isonto lokuthula) eFree University yase-Amsterdam, eHolland, kusihlwa ngolwesiNe.

UChief Buthelezi ubevakashele eHolland ngesimemo senhlangano ebizwa ngokuthi yiKerk and Vrede (Church and Peace) umgomo wayo okuwukudala ukuzwana phakathi kwamazwe onke omhlaba.

Enkulumweni yakhe ebishube kakhulu uChief Buthelezi uthe awukho umlingo ongasetshenziswa ekuthukululeni inkinga yaseSouth Africa wathi kodwa akacabangi ukuthi labo abagqugquzela ubudlova sebesihlolisisile isimo sonke saseSouth Africa. Uthe kufanele sonke isimo saseSouth Africa sicatshangisiswe kahle ngaphambi kokuba kuze kucatshangwe nokuba kuhlonywe kuphikelelwe ePitoli.

UChief Buthelezi uthe kunika umdlandla ukubona ukuthi liyakhula ijubane loguquko eSouth Africa wathi kodwa lokhu akufanele kuluthe abaMnyama ngoba isimo sabo sona kasishintshile neze.

Maqondana nenkululeko eSouth Africa uChief Buthelezi uthe inkululeko isho ukuthi abaMnyama kufanele nabo bangene bathi shi ekwakheni isizwe sabantu baseSouth Africa. Uthe inkululeko isho ukukhululeka nokwenza.

Uqhubeke wathi inkululeko ... qeda ubandlululo eSouth Africa kodwa kusho okukhulu kunalokhu. Uthe kusho ukwakha umphakathi wesizwe ocabanga kabusha.

UChief Buthelezi uthe abantu abaMnyama baseSouth Africa bafuna ukuholelwa enkululekweni. "Kufanele sonke sihlangane ngenhloso yokuba senze abantu baseSouth Africa bakhe ikusasa elingcono. Kufanele lokhu sikwenze noma sizithola sikunoma yisiphi isimo."

Uthe ukwakha umphakathi ocabanga kabusha eSouth Africa kuyoba ngemizamo yalabo abazimisele.

UChief Buthelezi uthe akakholwa ukuthi ubudlova bungase busize abantu bakhe wathi yena ukholelwa ukuthi okuyosiza ukuba kusetshenziswe izindlela ezingenabo ubudlova eSouth Africa.

Uqhubeke wathi phezu kwako konke lokhu kodwa uyakholwa ukuthi iSouth Africa ibhekene nobudlova. "Kungaba ubuphukuphuku ukukhohlwa ukuthi kungase kwenzeke kubheduke ubudlova."

Eqhubeka nenkulumo yakhe uChief Buthelezi uthe yena akaphambene nakancane nalabo abalwela inkululeko wathi futhi akasoze akwenza lokho nanoma yisiphi isikhathi esizayo. "Wonke umuntu olwelwa inkululeko eSouth Africa ungumfowethu."

Maqondana ne-African National Congress kanye nePan-Africanist Congress uChief Buthelezi uthe lezizinhlangano aziqalanga zakhuluma ngokuthi ubudlova buyindlela yokuthola inkululeko. Uthe nguHulumeni waseSouth Africa owasukela lezizinhlangano wazivala.

"NgabaMhlophe abaqala impi base beqala nobudlova futhi. Kungalesisikhathi lapho abanye babona ukuthi ubudlova yibona kuphela osebusele emandleni abo."

UChief Buthelezi uqhube wathi ukungalwi nobudlova kufana nokwesekela bona ubudlova uqobo. ISouth Africa yakhiwe ngobudlova futhi imiswe yibona ubudlova.

Utshele ababemlalele ukuthi njengoba ekhuluma nje kukhona abantu abaningi ababoshwayo eSouth Africa ngamacala amapasi. "Kunamakhulu abantu abasejele ngoba bengahambisani nenqubo yaseSouth Africa. Kukhona abanye abagqunywe ezitokisini futhi okungekho ndlela yokubasiza."

Uqhubeke wathi ukusebenzisa ubudlova nokungabusebenzisi akukaze kuphumelele eSouth Africa. "Kufanele manje sizame ukuthola ukuthi yikuphi ngempela okungaphumelela futhi kufanele sibe nesibindi ngokwanele ukulandela lokho esikuthola-yo ukuthi kungasisiza."

UChief Buthelezi uthe ukubantamolukhuni kukaMnuz. Vorster kwenza umsebenzi wakhe (uChief Buthelezi) ubelukhuni kakhulu. Uthe sekukaningi exwayisa ngokuthi isikhathi sokuthola ikhambi lezinkinga zalelizwe ngendlela yokuthula siyaphela.

Sekukaningi futhi exwayisa ngokuthi uma bungekho ubufakazi bokuthi kukhona imizamo yokuba kudliwe ngalukhezo lunye emnothweni nasemandleni okubusa yonke imizamo yokungabusebenzisi ubudlova ngeke ibenezithelo.

Ugcizelele ukuthi ulaka lwabaMnyama seluqalile ukuyenqaba yonke inqubo yaseSouth Africa.

"Abantu bami kufanele bafunde. Kufanele baye esikoleni. Abantu bami kufanele badle. Abantu bami kufanele basebenze. Bayazi ukuthi imithetho ebavimbela ukufuna imisebenzi emadolobheni kusho ukuthini nokuthi kusho ukuthini kubo ukungabinazo iziNyunyana ezibafunela amaholo angcono," kusho uChief Buthelezi.

# UWINNIE MAND[illegible]A USEKHULULIWE

NGOKOMBIKO ovele ngempelasonto uNkk. Winnie Mandela, inkosikazi kaNelson Mandela, owayengumholi we-African National Congress eseyavalwa owagwetshwa ukudilikelwa yijele eRobben Island, usezodedelwa njengoba kade elokhu eboshelwe emzini wakhe. Ukuboshelwa kwakhe endlini kuphela kusasa (ngolwesiBili).

UNgqongqoshe wezoMthetho, uMnuz. Jimmy Kruger, uthe: "Njalo ngezikhathi ezithile ukuboshwa kwabantu abathuliswayo kuyabukezwa. Maqondana noWinnie Mandela senginqume ukuthi isimo sakhe sibiza ukuba ukuthuliswa kwakhe kungavuselelwa.

Ukukhululwa kukaNkk. Mandela kusho ukuthi usengakwazi ukushiya ikhaya lakhe avakashe ebusuku nangezimpelasonto, abesemihlanganweni, avakashele nomyeni wakhe ejele eRobben Island ngaphandle kwemvume eyisipesheli.

Ngonyaka odlule uNkk. Mandela nomunye owayethuliswe ngokomthetho uMnuz. Peter Magubane, umthwebuli wezithombe zephephandaba, baboshelwa ukwephula umthetho ababebekelwe wona bethuliswa batholakala besemotweni eyayimile.

UMnuz. Kruger uthe usazophinda aboshelwe endlini uMnuz. Magubane.

ILANGA

**S'cuthe.**




"Wo he, siw[illegible]ihlahla esikh[illegible]

Ulandele emva kosuku kuhambe umadewabo emhlabeni

ILANGA

# KASEKHO UMNUZ. A. W. G. CHAMPION

ILANGA

-1 OCT 1975

-1 OCT 1975

TEX BUTHELEZI

ETHEKWINI. – Akasekho emhlabeni uMnuz.A. W. G. (uMahlath'amnyama ) Champion. Ushonele emzini wakhe eChesterville eThekwini izolo (ngeSonto) ekuseni ngo 9. Umphefumulo wakhe uphume ngesikhathi kusalindelwe i-ambulense ebisilandiwe ngenxa yokuthi ubesexinwe ukugula kakhulu. UMnuz. Champion ubezohlanganisa iminyaka engu 82 yobudala ngoDecember 4 nonyaka.

Ukushona kukaChampion kulandele ngemuva kosuku olulodwa ukushona kukadadewabo obehlala eNanda obendele kwaMthethwa. Ubikwe ukuthi ushone ngolwesiHlanu.

Isigijimi ebesibika ngokushona kukaMnuz. Champion sishaqekise wonke umuntu eChesterville nakwamanye amalokishi eTheku. ILANGA libe yiphepha lokuqala ukunikela emzini kaMnuz. Champion ngemuva kokuba selizwe umbiko wokuthi kasekho emhlabeni.

Ngesikhathi lifika emzini wakhe eChesterville, lifice unkosikazi wakhe uMaGumede esengungwe ngomakhelwane, kukhona nabafike sebelethe umthandazo, kukhona nomunye umnumzane obedinda isililo ngokushona kukaMnuz. Champion.

Lendoda eze yaba nesibibithwane ikhala nguMnuz. Matthew Mkize ohlala kwa-640 Road 12 khona eChesterville. Ubikele ILANGA ukuthi okumzwise ubuhlungu obukhulu ukuthi ngolwesiHlanu lolu lwayizolo ubenaye uMnuz. Champion belokhu bexoxa ngezindaba zombangazwe. Uthe selokhu bazana noMnuz. Champion kusukela ngo 1929.

Abanye abebephuma emzini wakhe uMnuz. Champion bebehluleka nokuchaza ukuthi kwenzenjani. Bebeshaqeke ngendlela yokuthi behluleke ngisho nokukhuluma ngaye uMnuz. Champion, ngaphandle kokuthi bebelokhu bechaya izandla bebamba imilomo engezansi.

Omunye umakhelwane wakhe uMnuz. Champion uzwakale esho nokuthi impela ukufa kuyinuku ngoba kuzume uMnuz. Champion bengazelele.

UMnuz. Champion ubengumholi owaziwayo kulolonke leli laseSouth Africa ngisho nakumazwe angaphandle kwaleli ngobuqhawe bakhe kwezombangazwe nakwezokulwela amalungelo omuntu oMnyama. Ushone esazibambile izintambo zokuzabalazela inkululeko yoMnyama okungenye yezinto azethwesa zona kusukela ebufaneni bakhe.

Ushona nje ubesanda kubuyiselwa ngaphandle kokuphikiswa esikhundleni abesiphethe sokuba yilunga loMkhandlu wamaKhansela aseNingizimu (Ningizimu Urban Bantu Council). Njengoba kusha ushikishi lokhetho lwaloMkhandlu abelilunga lawo namuhla (ngoMsombuluko) bekulindelwe ukuba abuye alumele ukhetho futhi ngaphakathi emkhandlwini lokuba nguSihlalo okuyisikhundla abesiphethe iminyaka eminingi. Akungabazeki nanokuthi nakuwona lonyaka ubezokhethwa ukuba abenguSihlalo.

Impilo yakhe uMnuz. Champion ibingaseyinhle kahle, ibisiqalile ukukhombisa izimpawu zokutetema okukhulu. Ukungaphatheki kahle kwakhe kumhlabe kwamkhonkobalisa kulamasonto edlule.

UMnuz. Champion ubengumuntu obengakufihli ukuthi yena ukholelwa kakhulu ekwelashweni izinyanga zaboMd bu kunokuba aye kodokotela besiLungu. Kazange akukhathalele ukuyiswa esibhedlela ukuba aye kolaliswa khona ngokungaphili kwakhe.

UNksz. Phakamile Champion oyindodakazi kamufi utshele ILANGA ukuthi uyise ubonakalise ukungaphili neze kahlekusukela ngolwesiHlanu ngemuva kokuba ebikelwe ngokushona kukadadewabo ongomunye wababili vo obekuyibona umufi abesesele nabo kuphela kwabendlu yakubo.

Kubikwe ukuthi uMnuz. Champion ubesondeleni kakhulu nalodadewabo oshonil uNkk. Mtetwa obehlala eNanda. Omunye udadewabo osesele yedwa njengoba . sekushone uMnuz. Champion ngu-Nkk. D. Ndlovu ohlala eClermont.

UPhakamile uthe uyise ushone kusalindelwe i-ambulense obekufanele ukuba imphuthumise esibhedlela ngoba isimo sakhe besesabisa ngoba ngisho nokudla bekungasahlali esiswini. "I-ambulense ifike ubaba eseshonile. Kwase kuhlelwa ukuba ayiswe emakhazeni lapho isidumbu sakhe sisagcinwe khona kumanje nje."

UMnuz. Champion ushiye umfelokazi uMaGumede obengunkosikazi yakhe yesibili amthatha ngemuva kokuba kushone unkosikazi wakhe wokuqala uMaDlamini. Ushiye izingane ezingu 7. Abafana ababili ayenabo kwabona sebashona. KwakunguMazwi endodakaboli cmdala, kanye noZulu — Mbongeni oshone nyakenye.

Ngesikhathi sokuloba bekungakaziwa ukuthi usuku lomngcwabo lungase lube nini, nanokuthi uyongcwatshwa kuyiphi indawo.



Umuzi uMnuz. A.W.G. Champion



**Kwesokudla ofake izibuko ngumfelokazi kaMnuz. A. W. G. Champion obonakala eshaqeke kakhulu ngokushona komyeni wakhe. Lesisithombe sithwetshulwe yiLANGA ngemu va kwehora usuzwakele umbiko wokushona kukaMahlathi. zihlobo zabo kanye nomakhelwane.**
**Umfelokazi wakhe uMaGumede ubehlaliswe emzini wakhe**